



INKAMPANI YOMHLABA YEDOLOBHA LASEGOLI

INKAMPANI YOMBUSO

(Inombolo Yokubhaliswa: 2000/017147/07)

(RF)

INCWADI YOMTHETHO OKHUTHAZA UKUTHOLAKALA KOLWAZI

**ILUNGISELELWE NGOKWEMIBANDELA YESIGATSHANA 14 SOMETHETHO OKHUTHAZA
UKUTHOLAKALA**

KOLWAZI (NOMBOLO 2 KA-2000)

(UMTHETHO)

IGUNYAZWE NGU: ISIKHULU SOLWAZI MHLA KA_____



UHLU LOKUPHAKATHI

1.	Iphrofayili Yenkampani	4
2.	I-Oganogremu	6
3.	Isethulo	6
4.	Labo okufanele Bafunde Basebenzise le ncwadi	7
5.	Amakheli, Amawebusayithi Neminye Imininingwane Yokuxhumana ye-JPC neSikhulu Solwazi nePhini leSikhulu Solwazi se-JPC	7-8
6.	Isifingqo Semisebenzi	8-9
7.	Ukuqinisa Ilungelo Lomphakathi Lokuthola Ulwazi	10
8.	Ukunikeza Umphakathi Indlela Yokuthola Ulwazi	10
9.	Ukwenza Isicelo ngokwemibandela yalo Mthetho	13
10.	Umfaki Sicelo	14
11.	Omunye Umfaki Sicelo Nokwaziswa Nokungenela Kohlangothi Lwesithathu	14
12.	Uma Kwenziwa Isicelo	15
13.	Uma Isicelo Samukelwa	16
14.	Uma Isicelo Senqatshwa	16
15.	Izinyathelo Ezingathathwa uma Isicelo Senqatshwa futhi Kungalandelwanga Okushiwo Yilo Mthetho	17

16.	Indlela Yokufaka Isikhalo	17-18
17.	Izikhalo Zangaphandle	18-19
18.	Amarekhodi, Alahlekile noma Angekho	19
19	Ukulululiselwa Kwezicelo	19
20.	Izindleko	20-21

IZITHASISELO

Ifomu A	22-27
Ifomu B	28-31
Ifomu C	32
Isithasiselo X	33

1. IPHROFAYILI YENKAMPANI

- 1.1 Inkampani Yomhlaba Yedolobha LaseGoli SOC Ltd (i-“JPC”), yasungulwa nguMasipala Wedolobha LaseGoli (“IDOLOBHA”), njengekamasipala. Lokhu kwensiwa ngokwemibandela yoMthetho Wezinkampani, ka 1973 noMthetho Woshintsho Kohulumeni Bezindawo, 209 ka 1993 noma isigatshana 86C kuHulumeni Wendawo: UMthetho Wamasistimu KaMasipala, 32 ka 2000, ochitshiyelwe ngokwalokho okuseMthethweni 44 ka 2003.
- 1.2 Umgomo we-JPC (Inkampani Yomhlaba Yedolobha LaseGoli) ukuhlinzeka i-COJ (Idolobha LaseGoli) ngamasevisi okulawula umhlabo, ukuthuthukisa umhlabo nokulawula umhlabo osetshenziselwa ibhizinisi ukuze kwandiswe inzuzo yezenhlalo, yezomnotho neyezimali ye-COJ nokweseka imigomo yokudiliva ngezindleko eziphansi:-

1.2.1 Umlawuli Womhlaba Osetshenziselwa Ibhizinisi

- Uhlinzeka izeluleko eziphusile ngokuqondene nemisebenzi yotshalomali zokuqala ibhizinisi, ukuhlelwa kwephothifoliyo, ukulahleka kwempahla eyigugu kanye/noma wonke amaphothifoliyo nokubona izimo okungezeka ibekwe kuzo iphothifoliyo. Injongo eyinhloko yindlela yokungenela kwemisebenzi elukhuni yokuthengiswa komhlaba nokubona indlela ongasetshenziswa ngayo noma amathuba otshalomali.
- Imisebenzi:
 - ✓ Ukubona amathuba otshalomali emkhakheni womhlaba;
 - ✓ Ukuhlola nokuhlola okwensiwa ngaphambilini;
 - ✓ Ukuhlaziya inzuzo yephothifoliyo notshalomali;
 - ✓ Ukuhlaziya iphothifoliyo;
 - ✓ Ukulawula irejista yempahla eyigugu;
 - ✓ Ukuqinisekisa ngokoqobo impahla yedolobha eyigugu;
 - ✓ Ukuhlanganisa izinhlelo zokulawulwa kwempahla eyigugu nolwazi lomhlaba womkhandlu;
 - ✓ Ukuthuthukisa iphothifoliyo/umhlabo okuphusile (okuhlanganisa ukucwaninga nokuhlola)
 - ✓ Ukusebenzisa amasu/izimfuneko zomhlaba we-COJ/MOE.

- ✓ Ukukhishwa kwezinhlelo zokulawulwa kwempahla eyigugu

1.2.2 Ukulawulwa Komhlaba

- Lo msebenzi ubandakanya ukuthola nokulondoloza inani elivela kuphothifoliyo yomhlaba ngokuwuqapha nokuwuqashisa, ukuwuthola nokuwudayisa, nokuqinikelela ukuthi unakekelwa kahle. Ukuqinisekisa ukuphumelela kwayo yonke imisebenzi yokulawulwa kwempahla eyigugu ngokuhlinzeka ulwazi nokuqonda okuqondile ngezici eziphathekayo zephothifoliyo noma impahla eyigugu.

Imisebenzi:

- ✓ Ukuphenya ngokuqondene namaqophelo angcono okusebenza
- ✓ Ukugcina amarekhodi okulawulwa nokuhlaziya
- ✓ Ukuhlanganisa nokwenza inhlolo vo ngomhlaba noma ulwazi lwephothifoliyo
- ✓ Ukuthuthukiswa Komhlaba
- ✓ Ukunakekelwa komhlaba nokulawulwa kwamasevisi nokufohla
- ✓ Ukulawulwa kwezikhungo

1.2.3 Ukuthuthukiswa Komhlaba

1.2.3.1 Ukuthuthukiswa Komhlaba kuhlose ukwandisa izinzuso ezingokwezimali, ezingokomnotho nezingokwezenhlalo ngokudayisa kanye/noma ukuqashisa ngomhlaba ongowomkhandlu ngokubandakanya imisebenzi ethintekayo ekuthuthukisweni komhlaba, ngokuvumelana Nesu Lokudlondlobala Nentuthuko YeDolobha.

1.2.3.2 Izimiso zenkampani sezibe isisekelo sezimiso zokusebenza zazo zonke izinhlangano futhi ngaleyo ndlela zibalulekile ekutheni i-JPC iphumelele. Izimiso ezinjalo azibalulekile kancane kodwa zibaluleke kakhulu kukho konke ukudlondlobala kwe-JPC. Lezi zimiso ezilandelayo ziphawulwe futhi zamukelwa yi-JPC:

- Ukuba phrofeshinali;
- Ukulandisa;
- Ukwethenjelwa;
- Ukuhlinzeka Amasevisi Kumakhasimende kanye
- Nokwethembeka.

1.2.3.3 Kungumsebenzi we-JPC, njengesigungu somphakathi noma njengengxenye kamasipala, nawo oyisigungu sikamasipala, ukuqinisekisa ukuthi umphakathi uyaluthola ulwazi oluvamile ngokuvumelana nalokho okushiwo uMthetho.

1.2.3.4 Ngenxa yalokho i-JPC igcina iningi lamafayili omhlaba, imihlabu eyilawula imelele iDolobha, engeyeDolobha. Lokhu kuLanganisa amatayitela, itayitela lelungelo lomunye umuntu emhlabeni womunye umuntu nezivumelwano zokuqashisa nohlangothi lwasithathu, ngokuqondene nempahla yeDolobha enganyakazi.

2. IGANOGREMU YENKAMPANI YE-JPC

2.1 Efakwe, njengeSITHASISELO “X”.

3. ISETHULO

3.1 Le ncwadi ihlanganiselwe i-JPC futhi iyimfuneko ngokwemibandela yesigatshana 14 soMthetho. Lo Mthetho unikeza umphakathi ilungelo lokuthola ulwazi olugcinwe izigungu zomphakathi nezezinkampani ezizimele, njengoba kusho Isigatshana 32 soMthethosisekelo waseRiphabuliki yaseNingizimu Afrika, uMthetho Nombolo 108 ka 1996 (ochitshiyelwe) (“uMthethosisekelo”), othi:

“32 (1) Wonke umuntu unelungelo lokuthola -

(a) noma iluphi ulwazi olugcinwe umbuso; kanye

(b) noma iluphi ulwazi olugcinwe omunye umuntu futhi oludingekayo ukuze kuvikelwe noma imaphi amalungelo.”

3.2 Enye yezinjongo zalo Mthetho ukuba kungabi nazimfihi, kube nokulandisa nokuphatha ngendlela. Le njongo iyingxenye yesu nezimiso zokufinyelela intuthuko kwezenhlalo, kwezomnotho nakwezemvelo, ekulawuleni impahla enganyakazi eyigugu yeDolobha.

3.3 I-JPC ilwela ukuba ifinyeleleke ngokuhlinzeka ulwazi oludingwa umphakathi. Injongo yale ncwadi:-

- 3.3.1 Ukusiza umphakathi usebenzise amalungelo angokwalo Mthetho;
- 3.3.2 Ukuhlinzeka ukuqonda ngemisebenzi eyenziwa yi-JPC namarekhodi ewagcinayo;
- 3.3.3 Ukusiza ekukhuthazeni isiko lokungabi namfihlo, ukuba nokulandisa kanye
- 3.3.4 Nokukhuthaza ukubamba iqhaza komphakathi, ekusebenzeni kweDolobha laseGoli ngenhlangano ye-JPC.

Kanye:

- 3.3.5 nokwazisa nokusiza noma imuphi umuntu ngokuqondene nendlela yokuthola amarekhodi agcinwe Inkampani Yomhlaba Yedolobha laseGoli JPC.

4. LABO OKUFANELE BAFUNDE FUTHI BASEBENZISE LE NCWADI

Le ncwadi eyokusiza umphakathi, ngemininingwane eyanele, ngokuqondene nenqubo yokufaka izicelo zokuthola amarekhodi agcinwe yi-JPC, njengesigungu somphakathi. Uma kunokungabaza ngokuqondene nokutolikwa kwayo, kufanele kubhekwe lo Mthetho kanye nezaziso nemithetho ehlobene nawo.

5. AMAKHELI, AMAWEBUSAYITHI NEMINYE IMINININGWANE YOKUXHUMANA YE-JPC NESIKHULU SOLWAZI NEPHINI LESIKHULU SOLWAZI SE-JPC

5.1 Njengoba kudingeka ngokwesigatshana 14, le Ncwadi inolwazi olulandelayo

- incazel ye-Oganogremu nemisebenzi ye-JPC;
- amakheli eposi nawomgwaqo, inombolo yocingo neyefeksi nekheli le-imeyili leSikhulu Solwazi kanye nePhini LeSikhulu Solwazi, esibekiwe;
- imininingwane eyanele yokufaka isicelo sokuthola irekhodi le-JPC;
- izigaba zamarekhodi e-JPC, angatholakala ngaphandle kokuthi umuntu afake isicelo;
- incazel yamasevisi angatholwa amalungu omphakathi ku-JPC nendlela yokuthola lawo masevisi;

- incazeloyanoma yiluphi uhlelo lokuxhumana komuntu othile nomunye, ukumelelwa noma okunye, ukubamba iqhaza noma ukuba namandla athile ekwakhiweni kwenqubomgomonoma ukubonisa amandla noma ukwenziwa kwemisebenzis ye-JPC;
- noma iluphi olunye ulwazi olungase ludingeke.

5.2 IMININGWANE YOKUXHUMANA NE-JPC

City of Joburg Property Company Soc Ltd.

Inombolo Ebhaliselwe: 2000/017147/07

Ikheli Leposi : P.O. Box 31565
Braamfontein
2017

Ikheli Lendawo : 33 Hoofd Street
Forum II, 1 first floor
Braampark
Braamfontein
2017

Iwebusayithi : www.jhbproperty.co.za
Ucingo : (010) 219 9025
Ifascimile : (010) 219 9400

ISIKHULU SOLWAZI

UMphathi Oyinhloko, Helen M. Botes : HBothes@jhbproperty.co.za
Inombolo kamakhalekhukhwini : 0825288887

IPHINI LESIKHULU ESIYINHLOKO

Tshepo Mokataka: Imenenja Enkulu Yezomthetho : tmokataka@jhbproperty.co.za
Services Unit, Ihhovisi Lesikhulu Esiyinhloko (OCEO)



Inombolo kamakhalekhukhwini: : 0825288879

6. ISIFINGQO SEMISEBENZI

6.1 I-JPC isungulwe yiDolobha, njengeyisisebenzi nophiko Iwebhizinisi lukamasipala ngokwemibandela yoMthetho Woshintsho Kuhulumeni Wendawo noma isigatshana 86C kuHulumeni Wendawo: UMthetho Wamasistimu Kamasipala, 32 ka 2000 ochitshiyelwe ngokwemibandela yoMthetho 44 ka 2003.

6.2 Umgomo we-JPC ngamasevisi okulawula umhlaba, ukuthuthukisa umhlaba nokulawula umhlaba osetshenziselwa ibhizinisi ukuze kwandiswe inzuso yezenhlalo, yezomnotho neyzimali yeDolobha laseGoli nokweseka imigomo yokudiliva ngezindleko eziphansi njengoba kuchazwe esigabeni 1 ngenhla.

6.3 I-JPC, iqhuba ibhizinisi layo nemisebenzi/nezibopho, ngokohlaka lomthetho, olwakhiwa, imithetho embalwa elandelayo:-

- 6.3.1 UMthetho KaHulumeni Wendawo (Nombolo 17 ka 1939);
- 6.3.2 UMthethosisekelo WeRiphabuliki yaseNingizimu Afrika (108 ka 1996)
- 6.3.3 UHulumeni Wendawo: UMthetho Wokuhlelwa Kukamasipala (117 ka 1998);
- 6.3.4 UHulumeni Wendawo: UMthetho Wamasistimu Kamasipala (Nombolo 32 ka 2000)
- 6.3.5 UHulumeni Wendawo: UMthetho Wokulawulwa Kwezimali Zikamasipala (Nombolo 56 ka 2003);
- 6.3.6 IMithetho Yokulawula Imisebenzi Kamasipala, 2005
- 6.3.7 IMithetho Yokudluliselwa Kwempahla Kamasipala Eyigugu, (1 September 2008)
- 6.3.8 UMthetho Okhuthaza Ukutholakala Kolwazi, (Nombolo 2 ka 2000);
- 6.3.9 UMthetho Okhuthaza Ukuphatha Ngobulungisa (Nombolo 3 ka 2000)

6.4 Eminye imithetho, enethonya emisebenzini nokuphatha kwe-JPC ibandakanya, kodwa ayigcini kulokhu:-

- ✓ UMthetho Wokuhlelwa Kwedolobha Namalokishi, (Nombolo 15 ka 1986);
- ✓ UMthetho Wokuhlelwa Kwezindawo Nokulawulwa Kokusetshenziswa Komhlaba (Nombolo 16 ka 2013);
- ✓ UMthetho Wamanzi Kazwelone (Nombolo 36 ka 1998);
- ✓ UMthetho Wokudliwa Komhlaba (Nombolo 63 ka 1975);
- ✓ UMthetho Wezindlu (Nombolo 107 ka 1997)
- ✓ UMthetho Onqabela Ukuxoshwa Nokuhlala Okungemthetho Emhlabeni Othile (Nombolo 19 ka 1998)

6.5 NgokweSivumelwano Sokuhlinzekwa Kwezidingo Nqangi, esiphakathi kweDolobha ne-JPC ngokwalokho okushiwo isigatshana 76 (b), uma sifundwa nesigatshana 80 (1) soMthetho Wamasistimu kanye Nommeli Ongunya Elikhethekile, ohlinzekwe yiDolobha ku-JPC, onegunya lokumelela iDolobha, ezivumelwaneni ezinhlobonhlobo zempahla enganyakazi nasemahhovisi erejistri yamatayitela, kokubili eGoli nasePitoli.

7. UKUQINISA ILUNGELO LOKUTHOLA ULWAZI

7.1 Lo Mthetho, uliqinise kakhulu, ilungelo lomphakathi, lokuthola ulwazi olugcinwe yi-JPC. Kuyokwenziwa wonke umzamo ukuze kuhlinzekwe ulwazi oluceliwe ngaphandle kokubandakanya kwalo Mthetho. Nokho, ezindabeni ezincane kakhulu lapho kunokungabaza okuthile, ngokuqondene nokuthi kufanele yini umfaki sicelo anikwe ulwazi noma cha, manje umfaki sicelo unelungelo lokufaka isicelo salolu lwazi ngaphansi kwalo Mthetho.

7.2 Okwamanje, umfaki sicelo angafaka isicelo ngokuya ku-JPC noma ngokuyishayela ucingo i-JPC. Kuzo zombili lezi zimo, imininingwane yomfaki sicelo iyofakwa kukhompyutha bese enikezwa inombolo yerefurensi. Lesi sicelo singabe sesigcinwa endaweni eyaziwayo kuze kube yilapho kwensiwa isinqumo sokuhlinzeka ulwazi noma sokwenqatshwa kwesicelo, ngokwemibandela yalo Mthetho nanoma isiphi isikhalo esiqedwayo.

7.3 Lapho isicelo solwazi singamukelwa, umfaki sicelo:



- Uyokwaziswa ngelungelo lakhe lokufaka isicelo ngaphansi kwalo Mthetho.
- Uyokwaziswa ukuthi izinhlobo ezithile zezicelo zolwazi zingase zenqatshwe.
- Uyokwaziswa ngelungelo lakhe lokufaka isikhalo lapho isicelo senqatshwa ekuqaleni.

8. UKUNIKEZA UMPHAKATHI INDLELA YOKUTHOLA ULWAZI

8.1 Izinhlobo eziningi zolwazi oluvamile olugcinwe yi-JPC ziyoohlizekwa amalungu omphakathi ngesicelo. Ulwazi oluvamile lutholakala kokubili ku-intranethi naku-inthanethi.

8.2 Ngokwalo Mthetho, i-JPC inesibopho:

- Sokukhuthaza isiko lokungabi namfihlo nokuba nokulandisa ngokwenza ilungelo lokuthola ulwazi lisebenze.
- Sokukhuthaza ngamandla umphakathi okuwukuthi abantu baseNingizimu Afrika bathole ulwazi olubasiza basebenzise futhi bavikele wonke amalungelo abo.

8.3 Okwamanje, i-JPC iyokwenza lolu lwazi olulandelayo luvele lutholakale ngokwemibandela yesigatshana 15(1)(a) salo Mthetho, uma ikhokhiwe imali edingekayo ukuze lukhishwe:

INCAZELO YEREKHODI	INDLELA ELITHOLAKALA NGAYO	IMALI EKHOKHWAYO
Isimo Sezintela Nezimali	Siyakhqizwa/ikhophi	Ebekwe uMthetho
Amatayitela	Ayakhqizwa/ikhophi	Ebekwe uMthetho
Izinqbomgom Ezigunyaziwe	Zitholakala kuwebusayithi ye-JPC	Ebekwe uMthetho
Imininingwane Yokuxhumana Nezisebenzi ze-JPC	Itholakala kuwebusayithi ye-JPC	Ayikho

Izaziso Zomphakathi	Ziyakh iqizwa/ikhophi	Ayikho
Imibiko Yabezindaba	Iyakh iqizwa/ikhophi	Ayikho
Isakhiwo SeMinyango Nolwazi	Siyakh iqizwa/ikhophi – Sitholakala kuwebusayithi ye-JPC	Ayikho
Izincwajana Zenkampani NamaNewsletter	Zitholakala kuwebusayithi ye-JPC nasehhovisi le-JPC	Ayikho
Izinkulomo Nemiyalezo	Kutholakala kuwebusayithi ye-JPC	Ayikho
Izikhala Zomsebenzi	Zitholakala kuwebusayithi ye-JPC, emabhodini ezaziso e-JPC nasemaHhovisi e-JPC	Ayikho
Inombolo Yentela	Iyakh iqizwa/ikhophi	Ayikho

Olunye ulwazi nganoma iyiphi enye inkinga, engekho ohlwini olungenhla, kufanele Iwensiwe ngokwalo Mthetho lubhekiswe esikhulwini solwazi.

8.4 AMAREKHODI AGCINIWE NOKUWATHOLA

8.4.1 Indlela yokuphathwa kwamarekhodi, ku-JPC, ihambisana nemithetho yokugcinwa kwamarekhodi, ngokwezimfuneko zikaZwelonke neSifundazwe. Kufanelwe kwaziwe ukuthi, ukufakwa, ohlwini olulandelayo Iwamarekhodi, akuchazi ukuthi, ifayili eliserekhodini elibaluliwe, liyatholakala, ngokwemibandela yalo Mthetho. Lo Mthetho, wenqabela isigungu somphakathi, ukuba sivumele futhi/noma sivumela isigungu somphakathi ukuba senqabe ukutholakala kwezinhlolo ezithile zamarekhodi noma ulwazi. Isahluko 4 salo Mthetho, sidingida izizathu zokwenqaba ukutholakala kolwazi noma amarekhodi.

8.4.2 ULWAZI OLUNGACELWA NGOKWEMIBANDELA YALO MTHETHO, LUHLANGANISA, *PHAKATHI KOKUNYE:-*

INCAZELO YEREKHODI	INDLELA ELITHOLAKALA NGAYO	IMALI EKHOKHWAYO
AMATHENDA	Ayakhiqizwa/ikhophi	Ebekwe uMthetho
AMASHEKE ANGAKHOKHWANGA	Ayakhiqizwa/ikhophi	Ebekwe uMthetho
Imibiko/Izitatinende Zezimali Zaminyaka Yonke	Iyatholakala kuwebusayithi ye-JPC	Ayikho
Imibiko Yabaphathi	Ikhophi	Ebekwe uMthetho
Amarekhodi Abasebenzi elivi	Iyakhiqizwa/ikhophi	Ebekwe uMthetho
Izinqubomgommo Nezingubo zangaphakathi	Ziyatholakala kuwebusayithi ye-JPC	Ebekwe uMthetho
Izincwadi Eziqondene Nokuqondiswa kwezigwegwe	Ziyakhiqizwa/ikhophi	Ebekwe uMthetho
Izincwadi Eziqondene Nemibandela Yesevisi	Ziyakhiqizwa/ikhophi	Ebekwe uMthetho
Izincwadi Ezigcinwe Yi-JPC Zohlangothi Lwesithathu	Ziyakhiqizwa/ikhophi	Ebekwe uMthetho
Izivumelwano Eziphakathi kwe-JPC nohlangothi lwesithathu (uma zingeyona imfihlo)	Ziyakhiqizwa/ikhophi	Ebekwe uMthetho
Izincwadi ezhlobene namathenda nokuthengwa noma Izindaba zemisebenzi ethile	Ziyakhiqizwa/ikhophi	Ebekwe uMthetho
Uhlu Iwabahlinzeki bamasevisi noma iPhaneli yabahlinzeki bamasevisi	Ziyakhiqizwa/ikhophi	Ebekwe uMthetho

9. UKWENZA ISICELO NGOKWEMIBANDELA YALO MTHETHO

9.1 Njengoba kushiwo ngaphambilini, olunye ulwazi olugcinwe yi-JPC, lungahlinzekwa amalungu omphakathi, ngaphandle kokubandakanya kwezingubo ezibekiwe,

ezifunwa uMthetho futhi kuyokwensiwa konke okungenziwa ukuze kuhlangatshezwane nesicelo somfaki sicelo.

- 9.2 Uma kunenkolelo yokuthi ulwazi ngeke lutholakale ngokwemibandela yomthetho osebenzayo, umfaki sicelo uyokwazisa ngelungelo lakhe lokufaka isicelo. Nokho, umfaki sicelo unelungelo, nganoma isiphi isikhathi, lokucela ulwazi ngokwemibandela yalo Mthetho.

Ilungu lomphakathi elifisa ukufaka isicelo lingavakashela i-JPC futhi liyosizwa ngokuqondene naleso sicelo.

- 9.3 Inqubo Yesicelo ngokwemibandela yeSigatshana 18 salo Mthetho:

- 9.3.1 Umfaki sicelo kumele alandele zonke izinqubo ezishiwo, eMthethweni, ngokuqondene nesicelo sokuthola irekhodi.
- 9.3.2 Umfaki sicelo kufanele agcwalise ifomu elifikwe lapha, njengeFomu A, bese elithumela, futhi akhokhe nemali yesicelo nediphozithi, uma ikhona, eSikhulwini Solwazi ekhelini leposi noma lendawo, kunombolo yefeksi, eboniswe, esigabeni 5 ngenhla.
- 9.3.3 Leli fomu kumele ligcwaliswe, ngemininingwane eyanele, ukuze okungenani, lisize Isikhulu Solwazi sazi:
- (a) irekhodi noma amarekhodi acelwayo;
 - (b) umfaki sicelo;
 - (c) ifomu elidingekayo, nalapho isicelo samukelwa;
 - (d) ikheli leposi noma inombolo yefeksi yomfaki sicelo;
 - (e) uma isicelo senzelwa omunye umuntu, ukuthunyelwa kobufakazi bokuthi kungani umfaki sicelo efaka leso sicelo, ukuze iSikhulu Solwazi sigculiseke; futhi
 - (f) nalapho umuntu, ngenxa yokuthi akafundile noma ukhubazekile, engakwazi ukufaka isicelo sokuthola irekhodi ngokwemibandela yoMthetho, angasifaka isicelo ngomlomo.

- 9.3.4 Umfaki sicelo kumele asho ukuthi lolu lwazi uludingela ukusebenzisa noma ukuvikela ilungelo elithile futhi aligagule ngokuqondile lelo lungelo elizosetshenziswa noma livikelwe. Ngaphezu kwalokho, umfaki sicelo kumele acacise ukuthi kungani irekhodi lidingeka ukuze kusetshenziswe noma kuvikelwe lelo lungelo.
- 9.3.5 Umfaki sicelo kumele akhokhe imali edingekayo ngaphambi kokuba isicelo sisingathwe.

10. Umfaki Sicelo

- 10.1 I-JPC, ingase ngokusuka othandweni lwayo, ihlinzeke ulwazi oluceliwe, noma ihlinzeke irekhodi ngokuqondene neminingwane yomfaki sicelo. Kuyofunwa imali ekhokhwayo ukuze kukhishwe lolo lwazi oluceliwe.
11. Omunye Umfaki Sicelo Nokwaziswa Nokungenela Kohlangothi Lwesithathu.
- 11.1 Lo mfaki sicelo (ongeyena umfaki ongumuntu nje) unelungelo lokucela ulwazi oluphathelene nohlangothi lvesithathu. Noma kunjalo, i-JPC ayibophekile ukuba ivele ilwenze lutholakale. Umfaki sicelo kumele alandele izimfuneko ezidingekayo ukuze aluthole ngokwemibandela yalo Mthetho, ezibandakanya ukukhokha imali yokulucela nemali yokuluthola. Ngaphambi kokuba i-JPC ihlinzeke ulwazi ngohlangothi lvesithathu, kumele ilandele lokho okushiwo isigatshana 47 salo Mthetho futhi kumele kwensiwe konke okungenziwa ukuthinta uhlangothi lvesithathu futhi lunikwe ithuba lokuvuma noma ukusenqaba lesi sicelo solwazi ngokwemibandela yesigatshana 48.

12. UMA KWENZIWA ISICELO NGOKWEMIBANDELA YALO MTHETHO

- 12.1 Isikhulu Solwazi kumele siphendule lesi sicelo solwazi ngokwemibandela yesigatshana 25 salo Mthetho, ngokushesha okukhulu kodwa phakathi nezinsuku ezingama 30 (amashumi amathathu) ngemva kokwamukela leso sicelo.
- 12.2 Ezimweni ezimbalwa ezithile, iSikhulu Solwazi se-JPC singayelula inkathi yokuqala eyizinsuku ezingama 30 (amashumi amathathu), kanye ngemva kwezinsuku ezingama 30 (amashumi amathathu) ngenxa yalezi zimo ezilandelayo:

- (a) isicelo samarekhodi amaningi kakhulu noma esicela kuseshwe amarekhodi amaningi futhi esihlonipha inkathi yokuqala, sizophazamisa imisebenzi ye-JPC ngokungadingekile;
- (b) isicelo sidinga kuseshwe, noma kutholwe amarekhodi, kwelinye ihovisi le-JPC elingekho edolobheni elifanayo, njengehhovisi leSikhulu Solwazi elingeke likwazi ukusingatha leso sicelo phakathi nenkathi yokuqala efanele;
- (c) kudingeka noma kuhle kube nokuxhumana phakathi kweminyango ye-JPC noma iDolobha noma esinye isigungu somphakathi ukuze kunqunywe ngesicelo esingenakuqedwa phakathi nenkathi yokuqala efanele;
- (d) kunezimo ezenza kungenzeki ukusingatha leso sicelo phakathi nenkathi yokuqala efanele;
- (e) umfaki sicelo unikeza imvume ebhaliwe ngokuqondene nalokho kwelulwa ngokwemibandela yeSigatshana 26 salo Mthetho.

12.3 Impendulo kumele isho uma isicelo samukelwe noma inikeze izizathu ezanele ngokwemibandela yalo Mthetho nokuthi kungani isicelo senqatshiwe. Uma kunamaphutha kulesi sicelo, umfaki sicelo kumele anikwe ithuba I okuwalungisa ngaphambi kokuba isicelo senqatshwe.

13. UMA ISICELO SAMUKELWA

13.1 Ulwazi olucelwayo luvame ukutholakala ngaleso sikhathi. Zimbalwa kakhulu izimo lapho ulwazi lungatholakali khona ngaleso sikhathi futhi kufanele kubhekiselwe eSigatshaneni 24 salo Mthetho ngokuqondene nezimo lapho kwamukeleke khona ukutholakala kolwazi ngesinye isikhathi.

13.2 Phawula ukuthi uma kudingeka kukhokhwe imali, leyo mali kufanele ikhokhwe ngaphambi kokuba ulwazi lutholakale. Kuyokwenziwa konke okungenziwa ukuze lolo lwazi luhlinzekwe ngendlela efanele ecelwe umfaki sicelo.

14. UMA ISICELO SENQATSHWA (isahluko 4 salo Mthetho)

14.1 Izizathu Zokusenqaba

14.1.1 Isibopho sokuvikela:

- (a) ingasese lohlangothi Iwesithathu olungumuntu, olungabandakanya ukudalulwa okungafanele kwemininingwane yalowo muntu;
- (b) ulwazi Iwezebhizinisi lohlangothi Iwesithathu, uma irekhodi liqukethe:
 - izimfiho zokuhweba zalolo hlangothi Iwesithathu;
 - ulwazi Iwezezimali, ibhizinisi, isayensi noma ubuchwepheshe okungathi uma budalulwa bulimaze izinjongo zezezimali noma zezebhizinisi zalolo hlangothi Iwesithathu;
 - uma ukudalula ulwazi oluvezwe uhlangothi Iwesithathu ngasese kungavalela lolo hlangothi Iwesithathu amathuba ezingxoxweni noma ekuncintisaneni kwezebhizinisi.
- (c) Ulwazi oluthile oluyimfiho lohlangothi Iwesithathu, uma luvikelwe ngokwemibandela yesivumelwano, kanye nokuvikelwa kolwazi oluyimfiho Iwesigungu somphakathi;
- (d) Ukuphepha kwabantu abathile nokuphepha kwempahla;
- (e) Amarekhodi angabhekwa njengayilungelo ngokwezinqubo zezomithetho;

14.1.2 Ezinye izizathu Zokusenqaba

- (a) Imisebenzi yenkampani yezebhizinisi engabandakanya:-
 - Izimfiho zokuhweba zenkampani
 - Ulwazi Iwezezimali, ibhizinisi, isayensi noma ubuchwepheshe obungathi uma budalulwa bulimaze izinjongo zezezimali noma zezebhizinisi zaleyo nkampani;
 - Ulwazi, olungathi, uma lungadalulwa luvalele leyo nkampani amathuba ezingxoxweni noma ekuncintisaneni kwezebhizinisi;
 - Iphrogremu yekhompyutha yenkampani, futhi evikelwe ngelungelo lokukopisha.
- (b) Ulwazi locwaningo Iwenkampani noma uhlangothi Iwesithathu, okungathi uma ludalulwa luveze obala inkampani, umcwaningi noma isihloko socwaningo bese lokho kubeka ucwaningo engcupheni enku.

- Izicelo okusobala ukuthi azibalulekile noma ziysisicefe, ezingabandakanya ukuphambukiswa okukhulu futhi okungenasidingo kwezimali, ngokwemibandela yesigatshana 45 salo Mthetho.

15. IZINYATHELO EZINGATHATHWA UMA ISICELO SENQATSHWA FUTHI KUNGALANDELWANGA OKUSHIWO YILO MTHETHO

15.1 Ngokwemibandela yeSigatshana 74 no 75 salo Mthetho, uhlangothi olungajabulile, lunelungelo lokufaka Isikhalo ngaphakathi, ngenxa yesinqumo esithathwe iSikhulu Solwazi se-JPC sokwenqaba nokutholakala kolwazi ngokwemibandela yalo Mthetho. Akukho okuvimba uhlangothi olungajabulile, ukuya ezinkantolo, uma lunganelisekile ngesinqumo seSikhulu Solwazi se-JPC.

16. INDLELA YOKUFAKA ISIKHALO NEZIMALI ZOKUFAKA ISIKHALO

16.1 Isikhalo sangaphakathi kumele sifakwe eSikhulwini Solwazi se-JPC:-

16.1.1 ngeFomu B elihlinzekiwe phakathi nezinsuku ezingama 60;

16.1.2 uma kudingeka kwaziswe uhlangothi lwasithathu ngokweSigatshana 49 salo Mthetho, kube phakathi nezinsuku ezingama 30 (amashumi amathathu) ngemva kokuba lowo ofaka isikhalo enikwe isaziso; noma

16.2 uma kudingeka kwaziswe ofaka isikhalo, ngemva kokuba isinqumo sokufaka isikhalo sithathiwe kumele kwaziswe iSikhulu Solwazi se-JPC, ekhelini lakhe nasemininingwaneni yokuxhumana naso, eshiwo ngenhla esigaben 7.2, futhi kumele kushiwo ukuthi isikhalo siphathelene nani kanye nezizathu zokufaka isikhalo sangaphakathi futhi kungahlanganiswa nolunye ulwazi oludingekayo olwaziwa ofaka isikhalo;

16.3 uma ngaphezu kwempendulo ebhaliwe umfaki sikhalo, efisa ukwaziswa nganoma iyiphi enye indlela ngesinqumo sesikhalo sangaphakathi, kumele ayisho leyo ndlela futhi anikeze imininingwane edingekayo angaziswa kuyo. Lapho kufaneleka, isikhalo kumele size nemali yokufaka isikhalo, ngokwemibandela yalo Mthetho, futhi sisho nekheli leposi nenombolo yefeksi. Uma isikhalo sifakwe ngemva kokuba inkathi eshiwo

ngenhla iphelelwe isikhathi, iSikhulu Solwazi se-JPC kumele sibonise umusa, sivume kufakwe isikhalo esifakwa ngemva kwesikhathi.

- 16.4 Uma iSikhulu Solwazi noma umuntu okhethwe ngokufanele njengephini leSikhulu Solwazi enikeza impendulo ebhaliwe, enqabela ukufakwa kwesikhalo esifakwa ngemva kwesikhathi, kufanele amnike isizathu salokho umuntu ofake iskhalo. Umfaki sicelo ofaka isikhalo ngenxa yokwenqatshelwa ukuba athole ulwazi kumele akhokhe imali yokufaka isikhalo.
- 16.5 Uma kunemali ekhokhwayo uma kufakwa isikhalo, isinqumo sesikhalo singase sihlehliswe kuze kube yilapho imali isikhokhiwe. Ngokushesha okukhulu, kodwa noma nini phakathi nezinsuku eziyi 10 (ishumi) zokusebenza ngemva kokuthola isikhalo ngokwalo Mthetho, iSikhulu Solwazi se-JPC kumele sithumele isikhalo sangaphakathi kanye nezizathu zaso zokwenza leso sinqumo; futhi
- 16.6 Uma kuyisikhalo sangaphakathi sokwenqatshwa noma esimelene nokunikezwa kolwazi, igama, ikheli leposi, inombolo yocingo nefeksi nekheli le-imeyili, noma ikuphi okukhona, nganoma iluphi uhlangothi lwasithathu okumele lwaziswe ngokwemibandela yesigatshana 47(1) yesicelo.

17. IZIKHALO ZANGAPHANDLE

- 17.1 Umfaki sicelo ongagculisekile ngokwenqaba kweSikhulu Solwazi se-JPC ukudalula ulwazi, angavula icala enkantolo phakathi nezinsuku ezingama 30 (amashumi amathathu) etsheliwe ngaleso sinqumo.
- 17.2 Ngokufanayo, uhlangothi lwasithathu olungagculisekile ngesinqumo seSikhulu Solwazi se-JPC sokwenqaba nolwazi, lungavula icala enkantolo phakathi nezinsuku ezingama 30 (amashumi amathathu) lutsheliwe ngalokho.
- 17.3 Ngokwezinjongo zalo Mthetho, iziNkantolo ezisingatha la macala iNkantolo YoMthethosisekelo, iNkantolo Ephakeme noma enye iNkantolo esebezena ngendlela efanayo.

18. AMAREKHODI, ALAHLEKILE NOMA ANGEKHO



- 18.1 Uma sekuthathwe zonke izinyathelo ezifanele ukuze kutholakale irekhodi eliceliwe futhi irekhodi lingatholakali noma i-JPC ikholelwa ukuthi alikho, iSikhulu Solwazi se-JPC noma iPhini leSikhulu Solwazi, kumele, senze incwadi efungelwe efakwe lapha, njengeFomu C, sazise umfaki sicelo ukuthi ngeke akwazi ukuthola lelo rekhodi ngokwemibandela yeSigatshana 55 salo Mthetho.
- 18.2 Le ncwadi efungelwe, ngokwemibandela yeSigatshana 55(3) salo Mthetho, ibhekwa, njengesinqumo sokwenqaba nolwazi. Umfaki sicelo, angavula icala eNkantolo ukuze lesi sinqumo sibuyekezwe.

19. UKUDLULISELWA KWESICELO

- 19.1 Ngokwemibandela yeSigatshana 20 salo Mthetho, isicelo solwazi singase sidluliselwe kwesinye isigungu somphakathi:
 - 19.1.1 lapho isicelo solwazi singalawulwa yi-JPC noma singekho kuyo;
 - 19.1.2 lapho irekhodi lihlobene eduze nesinye isigungu somphakathi;
 - 19.1.3 lapho irekhodi liquethe ulwazi Iwezebhizinisi okungesinye isigungu somphakathi esithinteka kakhulu kulo; noma
- 19.1.4 lapho irekhodi lingaphethwe noma lingalawulwa i-JPC kodwa lakhiwa esinye isigungu somphakathi noma saqale samukelwa esinye isigungu somphakathi.
- 19.2 Lapho isicelo sidluliselwa, ngokushesha okukhulu, kodwa kunoma isiphi isimo, phakathi nezinsuku eziyi 14 (ishumi nane), ngemva kokwamukelwa kwesicelo, iSikhulu Solwazi esisidluliselayo kumele sazise umfaki sicelo ngalokho.

20. IZINDLEKO

- 20.1 Lo Mthetho (bheka iSigatshana 22 salo Mthetho) ukhuluma ngezinhlobo ezimbili zezindleko:
 - (a) Imali yesicelo, eyimali estandathi; kanye

(b) Nemali yokuthola ulwazi, okumele ibalwe, ngokuhlanganisa, izindleko zokulukhiqiza, ukulusesha nesikhathi sokululungiselela, kanye nezindleko zokuluposa.

20.2 Lapho iSikhulu Solwazi se-JPC sithola isicelo, ngokwenza isaziso, singase sidinge ukuba umfaki sicelo, ongeyena umuntu nje, akhokhe imali edingekayo, (uma ikhona noma ingavunyelwe ngaphansi kweSigatshana 22(8) salo Mthetho), ngaphambi kokusingathwa kwaleso sicelo.

21. Ischeduli Yezindleko:

21.1 Isicelo sokuthola irekhodi elithile siyosingathwa kuphela ngemva kokuba umfaki sicelo ongenyena umuntu nje esekhokhe imali yesicelo ekhokhwa ngaphambili engu-R35,00 (amashumi amathathu nanhlanu).

21.2 Le mali kumele ikhokhwe umfaki sicelo ngaphandle-ke uma engavunyelwe ngaphansi kwalo Mthetho (bheka iSigatshana 22(8) salo Mthetho).

22. Izindleko Zokukhiqiza

R

(a) Nganoma ikuphi ukwenziwa kwekhophi yekhasi le-A4 noma ingxenye yalo	0,60
(b) Nganoma iyiphi ikhophi efundekayo ephrintwa iyikhasi le-A4 noma ingxenye elikukhompyutha noma emshinini	0,40
(c) Ngekhophi efundekayo ekukhompyutha eku –	
(i) <i>Stiffy disc</i>	5,00
(ii) <i>Compact disc</i>	40,00
(d) (i) Ngenkulumo ebhaliwe nemifanekiso yekhasi le-A4 noma ingxenye yalo	22,00
(ii) Ngekhophi yemifanekiso	60,00
(e) (i) Ngenkulumo ebhaliwe ezoqoshwa, eyikhasi le-A4 noma ingxenye yalo	12,00
(ii) Ngekhophi yokuthile okulalelwayo okuzoqoshwa	17,00

23. Izindleko Zokuthola Ulwazi

R

(a) Nganoma ikuphi ukwenziwa kwekhophi yekhasi le-A4 noma ingxenye yalo	0,60
Nganoma iyiphi ikhophi efundekayo ephrintwa iyikhasi le-A4 noma ingxenye elikukhompyutha noma emshinini	0,40

- (b) Ngekhophi efundekayo ekukhompyutha eku -
- | | | |
|-------|---------------------|-------|
| (iii) | <i>Stiffy disc</i> | 10,00 |
| (iv) | <i>Compact disc</i> | 40,00 |
- (c) (i) Ngenkulumo ebhaliwe enimifanekiso yekhasi le-A4 noma ingxenye yalo 22,00
(ii) Ngekhophi yemifanekiso 60,00
- (d) (i) Ngenkulumo ebhaliwe ezoqoshwa, eyikhasi le-A4 noma ingxenye yalo 12,00
(ii) Ngekhophi yokuthile okulalelwayo okuzoqoshwa 17,00
- (e) Ukuseshwa kwerekhodi ukuze lidedelwe, u-R15,00 ngehora ngalinye noma ingxenye yalo, uma lingabalwa ihora lokuqala, elidingeka kufanele kulokho kuseshwa.

23.1 Imali yokuposa ikhokhwa lapho ikhophi yerekhodi sekumele liposelwe kumfaki sicelo.

23.2 Ngokwezijongo zesigatshana 22(2) salo Mthetho nakhu okusebenzayo:

- (a) Kumele kudlule amahora ayisithupha ngaphambi kokukhokhwa kwediphozithi; futhi
(b) ingxenye eyodwa kwezintathu ikhokhwa ngumfaki sicelo njengediphozithi.

24. Izindleko Zokufaka Isikhalo

- 24.1 Imali ekhokhwa ngumfaki sicelo lapho efaka isikhalo sangaphakathi uma kwenqatshwe isicelo sakhe sokuthola ulwazi, njengoba kusho isigatshana 75(3)(a) salo Mthetho, ngu-R50,00 (amashumi amahlanu).
- 24.2 Phawula: Ngokwemibandela yoMthetho 8 kulo Mthetho, kumele kwenezelwe Inani Lentela Engeziwe (VAT) kuzo zonke izimali ezikhokhwayo ngokweMithetho, uma nje Isigungu Somphakathi sibhalisiwe njengesikhokha i-VAT ngokoMthetho Wenani Lentela Engeziwe, Nombolo 89 ka 199 ohlala uhlale uchitshiyelwe..

IFOMU A

ISICELO SOKUTHOLA IREKHODI LESIGUNGU SOMPHAKATHI

(ISigatshana 18(1) soMthetho Okhuthaza Ukutholakala Kolwazi, 2000 (uMthetho Nombolo 2 ka-2000)

[Umthetho 2]

ISETSHENZISWA UMNYANGO

Inombolo eyirefurensi: _____

Samukelwe ngu- _____ (isikhundla, igama nesibongo sesikhulu solwazi/iphini lesikhulu solwazi) mhla ka _____ (usuku) e- _____ (indawo).

Imali yesicelo (uma ikhona): R

Idiphozithi (uma ikhona): R

Imali yokuthola ulwazi: R

ISIGNESHA YESIKHULU SOLWAZI

/YEPHINI LESIKHULU SOLWAZI

A. Imininingwane Yesigungu Somphakathi

ISikhulu Solwazi/Iphini Lesikhulu Solwazi:

B. Imininingwane yomuntu ocela ukuthola irekhodi

- (a) *Imininingwane yomuntu ocela ukuthola irekhodi kumele ifakwe ngezansi.*
- (b) *Nikeza ikheli kanye/noma inombolo yefeksi yeRiphabhuliki okumele kuthunyelwe kuyo ulwazi.*
- (c) *Ubufakazi bokuthi senzelwa bani isicelo, uma bukhona, kumele bufakwe.*

Amagama

aphelele

nesibongo:

Inombolo

yepasi:

Ikheli leposi:

Inombolo

yefeksi:

Inombolo

yocingo:

Ikheli

le-imeyili:

Ukuthi senzelwa bani isicelo, uma senzelwa omunye umuntu: _____

C. Imininingwane yomuntu owenzelwa isicelo*Le ngxenye kumele igcwaliswe kuphela uma isicelo senzelwa omunye umuntu.*

Amagama

aphelele

nesibongo:

Inombolo

yepasi:

D. Imininingwane yerekhodi*(a) Hlinzeka imininingwane ephelele yerekhodi elicelwayo, kuhlanganise nenombolo*

yerefureensi uma uyazi, ukuze irekhodi litholakale.

- (b) *Uma isikhala esinikeziwe singenele sicelo uqhubekele ekhasini eliseceleni bese ulihlanganisa naleli fomu. Umfaki sicelo kumele asayine wonke amakhasi engeziwe.*

1. Incazelot yerekhodi noma ingxenye efanele yerekhodi:

2. Inombolo yerefurensi, uma ikhona:

E. Izindleko

- (a) *Isicelo serekhodi, elingelona irekhodi eliquethe imininingwane yakho siqu, siyosingathwa kuphela ngemva kokuba sekukhokhwe imali yesicelo.*
- (b) *Uzokwaziswa ngenani lemali yesicelo okudingeka uyikhokhe.*
- (c) *Imali okudingeka ikhokhelwe ukuthola irekhodi incike endleleni elizotholakala ngayo nesikhathi esanele esidingekayo ukuze liseshwe futhi lilungiselelwe.*
- (d) *Uma ufaneleka ukuba ungayikhokhi mali noma izindleko, sicela usho isizathu salokho.*

Izizathu zokungazikhokhi izindleko; _____

F. Indlela yokuthola irekhodi

Uma uvinjwa ukukhubazeka ukuba ufunde, bukela noma ulalele irekhodi ngendlela elitholakale ngayo eshiwo ngaphansi kuka 1 kuya ku 4, yisho ukuthi ukhubazeke ngani bese uveza indlela irekhodi elidingeka ngayo.

Ukukhubazeka:	Indlela irekhodi elidingeka ngayo: _____
_____	_____
_____	_____

Phawula ibhokisi elifanele ngo “X”.

OKUMELE KUPHAWULWE;

- (a) *Indlela ozoyiphawula njengokudingeka ngayo irekhodi incike endleleni irekhodi elitholakala ngayo.*
- (b) *Indlela ecelwayo irekhodi elitholakala ngayo ingase yenqatshwe kwezinye izimo.*
Esimweni esinjalo uyokwaziswa uma irekhodi liyotholakala ngenye indlela.
- (c) *Imali eyokhokhelwa ukutholakala kwerekhodi, uma likhona, iyonqunywa yindlela elicelwa ngayo ngokwengxenye.*

1. Uma irekhodi libhaliwe noma liphrintiwe –

Ikhophi yerekhodi*	Ukuhlolwa kwerekhodi
--------------------	----------------------

2. Uma irekhodi linemifanekiso –

(okuhlanganisa izithombe, amasilayidi, amavidiyo aqoshiwe, imifanekiso eyenziwa ngekhompyutha, izikeshi, njll.)

bukela imifanekiso	kopisha	inkulumo	ebhaliwe
--------------------	---------	----------	----------

		umfanekiso*		yomfanekiso*
--	--	-------------	--	--------------

3. Uma irekhodi linamazwi aqoshiwe noma ulwazi olungakhiqizwa njengomsindo -

	lalela umnkenenezo (ikhasethi elilalelwayo)		Umnkenenezo obhaliwe* (idokumenti ebhaliwe noma ephrintiwe)
--	---	--	---

4. Uma irekhodi ligcinwe ngendlela efundekayo kukhompyutha noma emshinini kagesi

ikhophi ephrintiwe yerekhodi*		ikhophi ephrintiwe yolwazi oluthathwe erakhodini *		ikhophi efundekayo ekukhompyutha* (i-stiffy noma i-compact disc)
-------------------------------	--	--	--	--

*Uma ucele ikhophi yerekhodi lenkulomo ebhaliwe (ngenhla), ungathanda ikhophi ithunyelwe kuwe ngeposi?

Kunezindleko zeposi ezikhokhwayo.

YEBO

CHA

Phawula ukuthi uma irekhodi lingekho ngolimi olukhethayo, irekhodi lingatholakala ngolimi olukhona.

Ukhetha ukulithola ngaluphi ulimi irekhodi? _____

G. Isaziso sesinqumo esiqondene nesicelo

Uyobhalelwa waziswe uma isicelo sakho samukelwe/senqatshiwe. Uma ufisa ukwaziswa ngenye indlela, sicela usazise ngaleylo ndlela bese usinikeza imininingwane edingekayo ukuze senze ngokwesicelo sakho.

Ungathanda ukwaziswa kanjani ngesinqumo esiqondene nesicelo sakho serekhodi?

Lisayinwe ngo- _____ mhla ka _____ enyangeni ka
_____ 20 _____

ISIGNESHA YOMFAKI SICELO / YOMUNTU OCELELWAYO

IFOMU B

(ISigatshana 75 soMthetho Okhuthaza Ukutholakala Kolwazi, 2000 (uMthetho Nombolo 2 ka 2000)

[Umthetho 6]

YISHO	INOMBOLO	YAKHO
YEREFURENSI: _____		

PHAWULA: Umuntu ofaka isikhalo sangaphakathi kungadingeka akhokhe imali yokufaka isikhalo. Uma kukhokhwa imali yesikhalo, isinqumo sesikhalo sangaphakathi singase sihlehliswe kuze kube yilapho imali isikhokhiwe.

A. Imininingwane yesigungu somphakathi

ISikhulu Solwazi / Iphini leSikhulu Solwazi

B. Imininigwane yomfaki sicelo/uhlangothi lwersithathu olufaka isikhalo sangaphakathi

- (a) Imininingwane yomuntu ofaka isikhalo sangaphakathi, kumele igcwaliswe ngezansi.
- (b) Ubufakazi besizathu sesikhalo, uma bukhona, kumele bufakwe.

(c) Uma umfaki sicelo kungumuntu wesithathu futhi kungeyena umuntu ofuna ulwazi, kumele ivezwe ngezansi ku C imininingwane yomfaki sicelo.

Amagama

aphelele

nesibongo:

Inombolo

yepasi:

Ikheli leposi:

Inombolo

yefeksi:

Inombolo

yocingo:

Ikheli

le-imeyili:

Isizathu

esenza

omunye

umuntu

afakelwe

isikhalo

sangaphakathi:

C. Imininingwane yomfaki sicelo

Le ngxene kumele igcwaliswe KUPHELA uma kuwu langothi lwasithathu (ongeyena umfaki sicelo) olufaka isikhalo sangaphakathi

D. Isinqumo esifakelwa isikhalo sangaphakathi

Phawula isinqumo esifakelwa isikhalo sangaphakathi ngo "X" ebhokisini elifanele:

	Ukwenqatshwa kwesicelo sokuthola ulwazi.
	Isinqumo esiqondene nezindleko ezibalulwe ngokwemibandela yesigatshana 22 salo Mthetho
	Isinqumo esiqondene nokwelulwa kwesikhathi okufanele kusingathwe ngaso isicelo ngokwemibandela yesigatshana 26(1) salo Mthetho.
	Isinqumo esiqondene nemibandela yesigatshana 29(3) salo Mthetho sokwenqaba indlela ecelwe ngumfaki sicelo.
	Isinqumo sokwamukela isicelo sokuthola ulwazi.

E. Izizathu zokufaka isicelo

Uma isikhala esinikeziwe singenele sicele uqhubeka ekhasini eliseceleni bese ulihlanganisa naleli fomu. Kumele usayine wonke amakhasi engeziwe.

Yisho izizathu ezenza kwenziwe isikhalo sangaphakathi: _____

Yisho olunye ulwazi okungenzeka luyadingeka lapho kusingathwa isikhalo; _____

F. Ukwaziswa ngesinqumo sesikhalo

Uyobhalelwa waziswe ngesinqumo sesikhalo sakho sangaphakathi. Uma ufisa ukwaziswa ngenye indlela, sicela usazise ngaleyo ndlela bese usinikeza imininingwane edingekayo ukuze senze ngokwesicelo sakho.

Yisho indlela: _____

Imininingwane yendlela: _____

Lisayinwe ngo _____ mhla ka _____ ngenyanga ka
_____ 20 _____

ISIGNESHA YOMFAKI SIKHALO

ISETSHENZISWA UMNAYANGO:

IREKHODI ELINGOKOMTHETHO LESIKHALO SANGAPHAKATHI:

Isikhalo samukelwe mhla ka _____ (usuku) ngu

_____ (isikhundla, igama nesibongo sesikhulu solwazi/iphini lesikhulu solwazi).

Isikhalo esihambisana nezizathu zesinqumo sesikhulu solwazi/zephini lesikhulu solwazi kanye, nemininingwane yanoma iluphi uhlangothi Iwesithathu Iwamarekhodi noma olwamarekhodi athunyelwe isikhulu solwazi/iphini lesikhulu solwazi mhla ka _____

_____ (usuku) egunyeneliifanele.

UMPHUMELA WESIKHALO:

ISINQUMO	SESIKHULU	SOLWAZI/SEPHINI	LESIKHULU	SOLWAZI
ESIQINISEKISIWE/ESITHATHELWE		INDAWO	ISINQUMO	ESISHA:

USUKU

IGUNYA ELIFANELE

USUKU OLUTHOLWE ISIKHULU SOLWAZI/IPHINI LESIKHULU SOLWAZI EGUNYENI
ELIFANELE: _____

IFOMU C

INCWADI EFUNGELWE

(ISigatshana 55 soMthetho Okhuthaza Ukutholakala Kolwazi, 2000 (uMthetho Nombolo 2 ka 2000)

Mina, njengomuntu osayne ngezansi

 (yisho igama
 nesikhundla),

Ngiyafunga futhi ngithi:

 (yisho zonke
 izinyathelo ezifanele ezithathiwe ukuze kutholakale irekhodi nezizathu ezifanele zokukholelwa
 ukuthi irekhodi alitholakali noma alikho futhi okwenza ukuba lingakwazi ukuba likhishwe).

 (Isignesha Yomuntu Ofungayo)

Ngiyaqinisekisa ukuthi Umuntu Ofungayo uyaqinisekisa ukuthi uyakwazi futhi uyakuqonda
 okuqukethwe yile ncwadi efungelwe futhi ushilo ukuthi akukho okumvimbayo ukuba enze
 isifungo nokuthi ubheka isifungo njengesimbophezelayo kunembeza wakhe. Ufunge phambi
 kwami mhla ka _____ ngenyanga ka _____ 20_____ ngo
 _____.

 UKHOMISHANA WEZIFUNGO

ISITHASISELO "X"

I-OGANOGREMU YENKAMPANI YE-JPC